


Sinomhlangano womndeni.

Kulo mhlangano kukhona ubaba, ubabekazi uPula, umalume u-Chavani, u-Eddie, u-Attie, mina kanye nogogo.

Yimina omncane kubo bonke laba.




Sihlala sivule umsakazo lapha ekhaya. Njalo silalela izindaba.

Namhlanje sizwile ukuthi izikole zizophinde zivulwe ngesonto elizayo.



Izikole zivalwe izinyanga ngenxa kathaqa wezwe lonke.

Ubaba uyaqala, “Mndeni, sidinga ukuthatha isinqumo mayelana nokuphindela kwezingane esikoleni.”



Ubabekazi uPula ukhathazekile. “Uma izikole zivulwa kuchaza ukuthi abantu abaningi bazosuleleka ngegciwane leKhovidi.”

Izinto zigaba nzima kunalokhu,” uyasho.



U-Attie uthi, “Ngiyesaba ukuthola leli gciwane.

Kungcono ke silinde amasonto amabili sibone ukuthi izinto zihamba kanjani esikoleni. Kusekuningi ukudideka.”



Ubaba uthi, “Ngesabela ugogo.


Uma izingane zingathola leli gciwane zibuye nalo ekhaya, kuyoba nzima kakhulu kuye.”

Ugogo uvuma ngekhanda.



Ugogo usegugile. Unesifo sikashukela nesenhliziyo.

Ngiyesaba kakhulu. Ngikhathazekile ngomndeni wami.



Umalume u-Chavani uthi, “Ngicabanga ukuthi izingane kufanele ke zihlale ekhaya okwamanje. Make silinde sibone ukuthi ngabe izikole zikulungele yini ukwemukela abafundi.”

Wonke umuntu uyavuma, ngaphandle kuka-Eddie.



"Kumele ngiye esikoleni esisezingeni eliphezulu ngonyaka ozayo.

Angazi noma ngizokwazi yini ukwenza wonke lo msebenzi osalele emuva.

Angikuthandisisi kahle ukufunda nge-inthanethi," kusho u-Eddie.



Anginankinga nokusalela emuva ngomsebenzi wesikole.

Ngikhathazeke ngobuntu. Sizophathana kanjani manje?

Kumele sibhekane nalesi simo ngokubambisana.

## ——Imibuzo

1. Bhala incazelo yala magama: ukwesuleleka, abadala, ukunakekela, ubuntu
2. Chaza ukuthi kusho ukuthi 'ukukhathazeka ngobuntu'.
3. Ucabanga ukuthi umndeni uthathe siphi isinqumo? Kungani?
4. Umndeni wakho wakhiwa obani?
5. Wazizwa kanjani lapho uphinde uhlangana nezingane ofunda nazo ngemva kukathaqa wezwe kaKhovidi-19?
6. Ngaphandle kwesifo sikashukela, yiziphi ezinye izifo ezine ezithinta impilo ezingase zinciphise amasosha omzimba?
7. Yiziphi izinqumo ozenzayo usuku ngalunye?

Le ncwadi yezindaba ixoxa ngemibiko yomsakazo i-RX Radio. I-RX Radio ngumsakazo wezingane we-inthanethi futhi osakaza izindaba ezithinta zona.

Isakazela esiteshini esisesibhedlela saseKapa i-Red Cross War Memorial Children's Hospital.

I-RX Radio isiza izingane ukuba zikwazi ukuxoxa izindaba ngezinto ezibalulekile kuzona.

Vakashela i-RX Radio

